








Koning Kaja en Sy Dogter

Inkosi Undabenhle Nendodakazi Yayo

-  Amana Yunus
-  Natalie Propa
-  Fanie Viljoen
-  Afrikaans / Zulu
-  Level 4

(imageless edition)






Lank gelede was daar 'n koning genaamd Kaja. Hy het in 'n paleis gewoon saam met die koningin en hulle dogter, Prinses Apenyo.

• • •

Kudaladala, kwakunenkosi ogama layo kwakunguNdabenhle. Inkosi le yayihlala esigodlweni nendlovukazi kanye nendodakazi yayo, inkosazana ogama layo kwakunguNaledi. UNaledi wayeyinkosazana enhle. Cishe zonke izinsizwa zendawo zazifisa ukuba ziganwe yile nkosazana. Okwakunzima, inkosi uNdabenhle, okunguyise, yayifuna ilobolo elimangazayo ngenkosazana yayo.



Naby Koning Kaja se kasteel het hoofman Aloeda die Grote gebly. Hy is “Die Grote” genoem omdat almal in die buurt hom gehoorsaam het. (Hy was baie wreed as iemand nie na hom geluister het nie!)

• • •


Eduze nesigodlo kwakuhlala induna, uMtungwa omkhulu. Wayebizwa ngo Mtungwa “omkhulu” ngoba wayehlonishwa yisigodi sonkana. Wayebonisa ulaka kulowo muntu owayengamhloniphi. Inkosikazi yenduna uMtungwa yayisanda kushona, ithathwa yisifo soqhuqho. Manje induna yayisifuna ukuthatha enye inkosikazi.



Die vet ou hoofman gaan uiteindelik na Koning Kaja toe om 'n bruidskat vir die jong prinses aan te bied.

• • •


UMtungwa omkhulu waya enkosini uNdabenhle eyozibika ukuthi yena angakhipha ilobolo elingakanani ngenkosazana yenkosi. Babhunga indaba yelobolo lenkosazana nje, umsizi wasesigodlweni, uNelisiwe, uyezwa ukuthi bathini. UNelisiwe wayemkhonzile unkosazana uNaledi.



Hoofman Aloeda het ingestem om die helfte van sy rykdom aan Koning Kaja te gee. Dit het 'n naald ingesluit wat ook deel van die bruidskat sou wees.

• • •


UMtungwa omkhulu wathi yena angathatha uhhafu wengcebo yakhe ayinike inkosi njengelobolobo. Ngasese, kwenziwa amalungiselelo omshado phakathi kwenduna Umtungwa omkhulu nonkosazana uNaledi. Inkosi uNdabenhle wayazi kahle kamhlophe ukuthi indodakazi yakhe ngeke isijabulele lesi sinqumo.



'n Week voor die koninklike bruilof het Kembo na Prinses Apenyo toe gegaan.

...


Sekusele isonto ngaphahambi kosuku lomshado, umsizi uNelisiwe waqonda kunkosazana Naledi. "Nkosazana yami ethandekayo, ubaba wakho uhlela ukukuganisela induna uMtungwa omkhulu. Loku kuzokwenzeka maduze, evikini elizayo." Kuchaza uNelisiwe.



Prinses Apenyo was geskok. Sy het nie geweet wat om te doen nie.

• • •

Inkosazana yathuka umhlola, yangazi ukuthi ithini futhi yenzeni. Emva kwesikhashana seyithi, “Mina, ngeke ngiganele induna uMtungwa omkhulu, indoda endala ekhuluphele kanje. Angeke bakubone loko. Kuzomele ngigijimele kuThando abone ukuthi angenzenjani.” Phela uThando kwakuyisoka lika Naledi.



Daardie aand sluip Apenyo uit die paleis uit. As haar pa uitvind waarheen sy gaan, sou hy baie kwaad wees.

• • •

Ngalobo busuku, uNaledi wanyonyoba weqa esigodlweni. Uma uyise wayengezwa ngaloko wayezothukuthela ngokweqile. Wagijima edlula ihlathi elimnyama, eqa amadwala, imihosha nemihoshana, waze wafika esithandweni sakhe uThando. Wafika ekhathele, elambile, onyiwe.



“My lief, waarom het jy so ver gehardloop? Alleen, hierdie tyd van die nag?” het Trevor gevra.

• • •


“Hhayi-bo gugu lami, kwenzenjani? Ungathini ukuhamba ibanga elide kangaka wedwa, ebusuku lobu?” kubuza uThando. Wabe esemlandela amanzi okuphuza, wamededela ukuba ake aphumule. UThando, wayengakwazi ukubeka isiqe phansi ngenkathi esalinde uNaledi ukuba alande indaba.



“My liewe prinses, wat is fout?” het Trevor gevra.

• • •


“Ngitshele, sthandwa sami,” kusho uThando. UNaledi waphefumulela phezulu, wezwakala esethi, “Ubaba ufuna ukungiganisela induna uMtungwa omkhulu. Angikwazi ukugana leya ndoda embi kanjeya. Thando, noma ngabe umpofu kangakanani, mina ngifuna ukugana wena. Ngikulungele ukuhlupheka. Ngithanda wena qha!”



“Maar prinses, ek het niks om vir jou bruidskat te gee nie. Jy weet ek is ‘n arm man,” het Trevor gesê.

• • •

“Kodwa manje nkosazana, mina anginalutho, ukukhokhela ilobolo lakho. Wazi kahle, ngimpofu,” kuzikhalela uThando. UNaledi wamphendula wathi, “Ngiyakwazi loko, kodwa nguwe kuphela engingakugana.” Wake wathula isikhashana, wabe esethi, “Nginecebo, masigijimele ku Kwanda, indoda le yesikebhe asiweze sibalekele ngale komfula. Ngaleyo ndlela singeqa, ubaba angasitholi.”



By die paleis, het Koning Kaja van die prinses se verdwyning uitgevind. Hy het sy onderdane beveel om oral in die dorp na haar te gaan soek. Die koning se wagte, soldate en al die ander mense het gesoek, maar hulle kon die prinses nêrens kry nie.

• • •

Emuva esigodlweni, inkosi uNdabenhle usetholile ukuthi uNkosazana Naledi usenyamalele. Usetshele izinhlozi, nabantu bayo ukuba baphume bayoyifuna inkosazana. Abaqaphi benkosi, amabutho, wonke umuntu wagcwala isiganga kufunwa inkosazana yenkosi, kodwa do! Abazange bayithole inkosazana yenkosi. Babuyela emuva enkosini beyoyitshela ukuthi uNaledi akatholakali. Inkosi yabaphendula ngokucasuka, "Hambani niyocinga ehlathini."



Soos Prinses Apenyo en Trevor na die rivier toe gehardloop het, het donker wolke in die lug begin saampak. 'n Groot storm was op pad.

...


Ngesikhathi uThando noNaledi begijimela osebeni lomfula, izulu laqala lashintsha, kwaguqubala, kwaba namafu amnyama. Kwakuza isiphepho esikhulu.



Kategga, die bootsman, was besig om sy boot vas te meer toe die paartjie aankom. Trevor het vir Kategga gevra om hulle oor die rivier te roei.

• • •


UKwanda, indoda yesikebhe wayesabophela isikebhe sakhe ngesikhathi izithandani zifika. UThando wancenga uKwanda ukuba agwedle isikebhe sakhe, abaweze. UKwanda wenqaba, wabachazela ukuthi isiphepho esinamandla sesifikile, kuzoba yingozi ukubaweza.



Trevor het daarop aangedring en verduidelik hoekom hulle anderkant moes kom. Hy steek toe sy hand diep in sy sak en haal 'n muntskulp uit om vir Kategga te gee.

• • •


UThando waphikelela echazela uKwanda ukuthi kungani kumele bewelele ngaphesheya. Wafaka isandla sakhe ephaketheni wakhipha igobolondo wanika uKwanda. UKwanda, ezwa indaba yabo, esebona negobolondo elibiza kangaka, wabazwela. Wavuma wagwedla isikebhe wabaweza, yize isimo sezulu sasisibi.



Kategga het die boot nader gesleep en gesê hulle moet inklim. Hy tel toe sy spane op en begin roei.

• • •

Ngokushesha, uKwanda wadonsa isikebhe, bagibela. Wathatha izigwedlo, waqala umsebenzi wagwedla. Kwathi inkosi nenduna befika ngasosebeni lomfula, babona nabaya abantu abathathu esikebheni. Kwabakhanyela ukuthi izithandani zeqile, yizo leziya. Umoya omkhulu waxukuzisa isikebhe, kwaba uKwanda uyehluleka ukusilawula asiqondise isikebke manje. Kwezwakala inkosi isimemeza, “Ndodakazi yami Naledi, ngicela ubuye! Ngiyakuxolela, ngeke nginijezise, wena no Thando.”



Swaar winde het die boot geskommel. Kategga kon dit naderhand nie meer beheer nie. Koning Kaja het uitgeroep, “Apenyo, kom asseblief terug! Ek het jou vergewe en sal julle nie straf nie.” Maar dit was te laat. Die boot het omgekantel en al drie die mense het in die rowwe water geval en verdrink.

...

Inkosi yasho sekonakele. Isikebhe saketuka, bobathatu baphonseka emanzini ayenamandla. Bonke baminza. Emva kwalesi sehlakalo, wonke umuntu embusweni wenkosi UNdabenhle wakhululeka ukugana noma ukuganwa yilowo amthandayo, ocebile noma ompofu, inqobo uma bethandana.



Storybooks South Africa

global-asp.github.io/storybooks-southafrica

Koning Kaja en Sy Dogter

Inkosi Undabenhle Nendodakazi Yayo

Written by: Amana Yunus

Illustrated by: Natalie Propa

Translated by: Fanie Viljoen (af), Zanele Zuma (zu)

This story originates from the African Storybook (africanstorybook.org) and is brought to you by [Storybooks South Africa](https://global-asp.github.io/storybooks-southafrica) in an effort to provide children's stories in South Africa's many languages.



This work is licensed under a Creative Commons
[Attribution 3.0 International License](https://creativecommons.org/licenses/by/3.0/).